


Kwezamalungelo ngomhlaba kwelakithi namuhla nguBheni wakwaKhumalo[©]



Amaphuzu esiwethula ebandla:

1. Izindlela ayehlelwa ngazo **amalungelo namagunya okwakha nokusebenza ngomhlaba** ezikhathini eziphambili, bengakafiki abamhlophe kuleli, zisengaba yisibonelo nanamuhla.
2. Le nqubo yokuhlela amalungelo namagunya okwakha nokusebenza ngomhlaba ngokuthengisa nokuthengiselana iphambene **nomthetho othi ababusi bezwe abakhuthalele njalo ukwenelisa umphakathi ngokudla** njengokuyilungelo labo.

3. Zidingeka impela zindlela zokuhlela amalungelo namagunya okwakha nokusebenza ngomhlaba ezivumayo ukuthi ezimweni ezithile ezihlelelwe emthethweni **abathile bephucwe amalungelo namagunya abanawo** okusebenzisa umhlaba.

4. Singaba ngcono isimo salabo okwamanje abangenamhlaba uma kuthi labo abaqalayo ukuba ngabalimi bona nezinhlango zabo **belekelelwe ngokuzwakalayo besacathula nezaba abazizamayo zokukhiqiza okudliwayo zixhaswe kabanzi nangokucabangela ikusasa.**
5. **Amacebo nemibono kanye nezinkonondo ezivela kwabadinga umhlaba** nasezinhlangotheni zabo kuyadingeka kakhulu kanti futhi kuyesweleka emzamweni oneso elibanzi nangekusasa ekwehlukaniselaneni nasekwabelaneni amalungelo namagunya okwakha nokusebenza ngomhlaba.

6. **Indlela yokuhlela amalungelo namagunya okwakha nokusebenza ngomhlaba ebizwa ngokuthi ngeyoThingo lweNkosazana** esebenzisa izibonelo ezivela ezindleleni okwakuqhutshwa ngazo ezikhathini eziphambili, abamhlophe bengakafiki kuleli, iwulungele kahle kakhulu umphakathi osusezikhathini zombuso weningi nasekuhlalisaneni ngoxolo.

© Amaphuzu enkulumweni kaDr Ben Khumalo-Seegelken:

"Großgrundbesitz, Landreform und Perspektiven einer nachhaltigen Entwicklung in Südafrika"
enkundleni yemibono namacebo kwezomnotho Ringvorlesung "Post-Wachstumsökonomie"
eNyuvesi iCarl-von-Ossietsky eOldenburg/eJalimane, endlini uA1-0-008,
nezethameli ezivela ezimpikweni ezahlukene zolwazi kanye nezivakashi
ngoLwesithathu, zingama27 kuMeyi 2009, ngo6 kusihlwa.

<http://www.benkhumalo-seegelken.de/wissen.html>